ISICELO SOKUQOKWA KWAMAGAMA:

UKUQOKWA KWAMALUNGU AMATHATHU (3) KWIBHODI LENHLANGANO YOKUSAKAZA NGOMOYA YASENINGIZIMU AFRIKA (SABC)

Izikhungo kanye/noma abazimele bayamenywa ukuthi bakhethe abantu abazogcwalisa izikhala ezintathu (3) zamalungu angewona amalungu esigungu sebhodi yeNhlangano Yokusakaza Ngomoya yaseNingizimu Afrika enoMkhawulo, ezivele ngenxa yokuhoxa kuka Nk Nomvuyiso Batyi kanye nokushiya esikhundleni kuka Nk Rachel Kalidass no Nk Febbe Potgieter-Gqubule, ukuze kube sekupheleni kwethemu yokuba sehhovisi kwaleBhodi ekhona njengokusho kweSigaba se-13(8) soMthetho Wezokusakaza, onguNombolo we-4 wezi-1999.

Inhlangano Yokusakaza Ngomoya yaseNingizimu Afrika yasungulwa ngokoMthetho Wokusakaza (we-1936) njengebhizinisi likahulumeni ukuze lihlinzekele izinsiza zokusakaza emsakazweni nakumabonakude eNingizimu Afrika.

Izidingo: Amalungu eBhodi, uma kubhekwa kuzo zonke izinhlangathi, kufanele kube abantu: • abalungele ukuba amalunga eBhodi ngokweziqu zabo zemfundo, izingcweti kanye nesipiliyoni kwinqubomgomo wezokusakaza nobuchwepheshe, umthetho simiso wezokusakaza, umthetho wezindaba, ukuphathwa kwezamabhizinisi nezezimali, ukukhangisa, ezobuntatheli, ezokuzijabulisa, nezemfundo, izindaba zezenhlalo nezabasebenzi • abazinikele ekuphatheni ngokungakhethi, ukukhuluma ngokukhululeka, ilungelo lomphakathi lokuthola ulwazi, kanye nokuba nomthwalo wokwazisa ngezenzo zabo nokungafihli lutho kwalabo abasebenzela umphakathi • abamelela inani labantu ngokubanzi baseRiphabhuliki• abazinikele kwimigomo nemithethomgomo njengalokhu ibekwe kwi-Charter ye-SABC • abayizakhamuzi zaseNingizimu Afrika abahlala isiphelane eRiphabhuliki.

Ukuqoka okubhalwe phansi kufanele kube negama eliphelele nekheli lesikhungo kanye/noma lomuntu omqokayo, ukwamukela okusayinwe phansi kwalowo oqokiwe kanye ne-CV, equkethe okungenani lemininingwane elandelayo: • Igama eliphelele, inombolo kamazisi kanye nobulili • Ikheli lokuxhumana, inombolo yocingo kanye nenombolo yefeksi nekheli le-emeyili • Isipiliyoni saphambilini (makufakwe izinsuku kanye nezinhlangano ezithintekayo) • Amakhophi eziqu zemfundo eziqinisekisiwe kanye nencwadi kamazisi.

Ukuqokwa nemibuzo kufanele ukuthi kuqondiswe kuNobhala weKomidi, uMnu Thembinkosi Ngoma, iKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekele Ezokuxhumana, 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000 noma zithunyelwe ku le imeyili: tngoma@parliament.gov.za noma kule nombolo yefeksi: 65225740. Imibuzo ngocingo ingaqondiswa ku: 021 403 3733.

Usuku lokuvala kokuqokwa: ULwesihlanu, mhla ziyi-15 kuNhlangulana wezi-2018 ngehora lesi-16:00. Uyacelwa ukuthi unake ukuthi abaqokiwe bazohlolwa iziqu zabo zezemfundo kanye nezokuphepha.

Sikhishwe nguMnu CHM Maxegwana, iLungu lePhalamende – USihlalo: IKomidi leNdlu yesiShayamthetho kaZwelonke elibhekele Ezokuxhumana.

Parliament. Making Democracy Work.

www.ayandambanga.co.za ISOLEZWE ISIZULU 133157 www.thecandocompany.co.za